www.xtrapapers.com

**Cambridge International Examinations**
Cambridge International General Certificate of Secondary Education

CANDIDATE NAME

CENTRE NUMBER | CANDIDATE NUMBER

*7220617140*

**ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE** **0531/01**

Paper 1 Reading and Writing **October/November 2016**

**2 hours**

Candidates answer on the Question Paper.

No Additional Materials are required.

**READ THESE INSTRUCTIONS FIRST**

Write your Centre number, candidate number and name in the spaces provided at the top of this page.
Write in dark blue or black pen.
Do **not** use staples, paper clips, glue or correction fluid.
DO **NOT** WRITE IN ANY BARCODES.

Answer **all** questions.

The number of marks is given in brackets [ ] at the end of each question or part question.

This document consists of **17** printed pages and **3** blank pages.

DC (LK) 121502/3
© UCLES 2016

CAMBRIDGE International Examinations

www.xtrapapers.com



**Umsebenzi 1**

Funda lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Mjaji Car Hire!!!**



KwaMjaji Car Hire sinezinhlobo eziningi zezimoto ezisezigabeni ezehlukene ezihambisana nephakethe lakho.

Siyaziqhenya ngeminyaka engaphezu kwengamashumi amabili senza lo msebenzi. Lokhu kwenza sikwazi ukukunika izeluleko ezingenza ukuthi ungakhokhi kakhulu njengokuthi sibheke ukuthi iyiphi imoto engahambisana nezidingo zakho. Lokhu sikwenza kalula ngokuthola izidingo zakho njengokuthi uthanda imoto enobukhulu benjini obungakanani nokuthi bangaki abantu abazogibela futhi nohlobo lohambo ofuna ukuluthatha.

Izigaba zezimoto zihlukene kuya ngokuthi uzimisele ukukhokha kangakanani. Izigaba zezimoto zihlukaniswe kakhulu yilezi zinto ezilandelayo: ubukhulu bebhuthi, inani lezicabha zemoto, enesinqa noma engenaso, inani nesisindo sabantu ekwazi ukubathatha, izinga lezokuphepha, amawindi kagesi, ubukhulu benjini, umoya opholile, eshintshwayo amagiya noma ezishintsha yona amagiya. Izimoto zethu ziphuma namakhilomitha amahhala angama-200 ngosuku bese kuthi emva kwalokho ukhokha R2.50 ngekhilomitha lilinye. Uma uqasha imoto isikhathi esingaphezu kwezinsuku ezintathu sikupha amakhilomitha angama-300 ngosuku.

Awugcini ngokuqasha imoto nje kuphela kodwa siyakusiza nangokunye okufana nokuxoxisana nawe ngendlela engcono ongayisebenzisa ukuze uhambo lwakho lungabi nazinkinga futhi ufike kahle lapho uya khona. Uyakwazi ukuqasha isihlalo somntwana kanye ne GPS uma uthanda ngemali encane kakhulu. Siyakwazi nokukulethela imoto oyiqashile lapho ukhona kanti akudingi ukuthi uyibuyisele kulelo gatsha oyithathe kulo. Ungayibuyisela noma kuliphi eliseduze nawe noma siphinde siyilande kuwe. Nakho lokhu ukuthola ngenani eliphansi.

Uyakwazi ukusixhuma ngezindlela eziningi njengokusebenzisa i-internet bese uqasha imoto yakho khona lapho noma usebenzise ucingo. Sinabasizi abalinde ukukusiza emini nasebusuku kule nombolo ethi 0800 646 464. Kanti ungasilandela ku Facebook, Twitter naku YouTube ukuthola izipesheli esinazo.

www.xtrapapers.com



**(a)** Siqondiswe kobani lesi sikhangiso?

.............................................................................................................................[1]

**(b)** Yini engakwenza ukuthi uyithembe le nkampani?

.............................................................................................................................[1]

**(c)** Kungakusiza ngani ukuqasha imoto isikhathi eside kunokuyiqasha usuku olulodwa?

.............................................................................................................................[1]

**(d)** Le nkampani ibaheha kanjani abavakasha nezingane ezincane?

.............................................................................................................................[1]

**(e)** Basizakala kanjani abantu abadinga imoto abazoyisebenzisa ukusuka edolobheni elithize beya kwelinye kuphela? Nika okubili.

.............................................................................................................................

.............................................................................................................................[2]

**(f)** Kufanele ubafonele ngaziphi izikhathi uma udinga ukuqasha imoto?

.............................................................................................................................[1]

**(g)** Yikuphi okusitshela ukuthi le nkampani ihambisana nezikhathi zesimanje?

.............................................................................................................................[1]

[Amamaki: 8]

www.xtrapapers.com



**Umsebenzi 2**

Funda lokhu okulandelayo bese ugcwalisa ifomu ekhasini elilandelayo.

**Umncintiswano! Umncintiswano! Umncintiswano!**
***Umpheki omdala nomncane***



Sidinga abantu abasha abaphakathi kweminyaka eyi 14 kuya kweyi 18 kanye nomuntu omdala abazozikhethela yena abazongenela umncintiswano wokupheka. Zimbili izigaba ezikhona. Ukupheka ukudla kanye nokubhaka amakhekhe.

Lo mncintiswano uzokubaseGoli e-Auckland Park, CBC Building ngenyanga kaDisemba mhlaka 15 kulo nyaka. Abahlala kude neGoli bazohlelelwa indawo yokuhlala kodwa kuyomele bafike ngomhlaka -14.

USibonga Ngcobo ubone lesi sikhangiso. Uyintombazane eneminyaka eyi-16 ubudala. Ufunda e Nelspruit High School. Ikheli lakubo lithi 23 Mpumalanga Street, Nelspruit, 9120. Uthando lokupheka waluthola kumalume wakhe, uThokozani Mwelase, onesitolo esidayisa ukudla edolobheni. Uzimisele ukuyofundela ukupheka uma eqeda isikole ngonyaka ozayo.

Umama kaSibonga usebenza umsebenzi omthathayo njalo angabi khona ekhaya kwesinye isikhathi ngezimpelasonto. Yingakho abazali baSibonga babona kukuhle ukuba abenocingo lweselula ukuze akwazi ukubathinta uma kunesidingo. Inombolo yakhe ithi 078 485 6463. Inombolo yasekhaya yona ithi 014 775 8482. Uyaluthanda ucingo lwakhe futhi uhlale eluphethe njalo.

Umalume kaSibonga uhlala emgwaqeni ofanayo nowakubo kwanombolo 33. Njalo ngempelasonto uSibonga uvame ukuvakashela esitolo sikamalume wakhe ukuze afunde ukupheka izidlo ezihlukene. Konke akufundayo ubuyela ekhaya ayokwenza. Lokhu kuyamjabulisa kakhulu umama wakhe ngoba uSibonga uhlale ecela ukuthi kupheke yena. Nobaba kaSibonga akanayo inkinga ngoba indodakazi yakhe ipheka kamnandi manje kanti ihlale ifika nezindlela ezintsha zokupheka.

USibonga ufisa ngelinye ilanga ukuba apheke kanye nomalume wakhe. Ufisa ukupheka naye ngoba phela uyakwazi ngempela ukupheka kanti futhi unesineke sokufundisana. USibonga nomalume wakhe abanazo izihlobo ezingabasiza ngendawo yokuhlala uma bethathwa kulo mncintiswano.

© UCLES 2016

www.xtrapapers.com



Awuzicabange wena unguSibonga ugcwalisa leli fomu:

### *UMPHEKI OMDALA NOMNCANE*

**IMININGWANE YAKHO**

Igama nesibongo: Sibonga Ngcobo ........................................................................

Ubudala: iminyaka eyi-16 ........................................................................

Ikheli: 23 Mpumalanga Street, Nelspruit, 9120 ........................................................................

Inombolo otholakala kuyo njalo: ........................................................................

**IMININGWANE YOMUNTU OZOPHEKA NAYE:**

Igama lakhe: ........................................................................

Ubudlelwane phakathi kwakho naye: ........................................................................

Ikheli: ........................................................................

Umsebenzi awenzayo: ........................................................................

Izizathu ezimbili zokukhetha lo muntu: ........................................................................

........................................................................

........................................................................

Izizathu zokugqugquzela ukuba nithathwe kulo mncintiswano: ........................................................................

........................................................................

........................................................................

**EMINYE IMININGWANE:**

**Khombisa ukuthi nizoyidinga yini indawo yokuhlala:**

Yebo ☐ Cha ☐

[Amamaki: 9]

© UCLES 2016

www.xtrapapers.com



**Umsebenzi 3**

Funda le nkulumo eyethulwa nguMnu Sabelo Thobela onikana ngezeluleko aphinde abe ngumqondisi we-MoneyBank.

Sanibonani bosomabhizinisi abancance. Ngiyabonga ngethuba lokukhuluma nani. Ngithanda ukukhuluma ngezinto ezibalulekile uma uqala ibhizinisi elincane.

Enye yezinto eyenza ngaba nothando lokuziqalela ibhizinisi elincane kwakungukwazi ukusebenzela ekhaya. Into eyayingijabulisa ngalokhu ukuthi zazingeziningi izindleko engangibhekana nazo njengoba ngangidayisa nge airtime. Yonke imali engayithola yayivela kula ma-airtime kanye neminye imikhiqizo yamaselula. Ngikhumbula kahle ukuthi ngakwazi ukuziholela kahle ngaphinde ngakwazi nokuzithengela izicathulo ezinhle engangizithanda kakhulu. Phela ngangingayikhokheli indawo engangisebenza kuyo futhi ngingenazo izindleko zokugibela ngiye emsebenzini kanti futhi ngikwazi nokusebenza ngesikhathi esivumelana nami.

Noma kunjalo, kodwa ngokujwayelekile uthola ukuthi amabhizinisi amancane ayehluleka ukukhula zibekwa nje ngenxa yokuthi umnikazi webhizinisi akanalo ulwazi olwanele ngokuliqhuba lelo bhizinisi lakhe. Umngane wami, uThami, wayenebhizinisi lokugunda amakhanda. UThami wayengakwazi ukuhlela imali ayithola kuleli bhizinisi kahle. Wayeyidla yonke bese engakwazi ukukhokha imali yokuqasha indawo ayesebenzela kuyo nokukhokhela ugesi. Okunye futhi kukhona izitayela ayengakwazi ukuzigunda kahle, njenge German Cut. Lokhu kwakwenza amakhasimende akhe afune ukuya kogunda kwezinye izindawo.

Ngithanda ukunihlomisa ngezinto ezintathu ezibalulekile kodwa okulula ukungazinaki lapho unebhizinisi. Maningi amaphutha engawenza ekuqaleni, yingakho ngikhethe ukukhuluma ngezinto ezintathu okumele nizazi ukuze niphumelele emabhizinisini eniwaqalayo. Ngizokhuluma ngezindleko zebhizinisi, imali yomkhiqizo kanye nabathengi bakho.

**Izindleko zebhizinisi**

Asiqale ngezindleko obhekana nazo wena siqu sakho. Zonke izindleko kufanele zifakwe enanini olibizayo ngomkhiqizo wakho noma ngensizakalo (*service*) yakho oyihlinzekayo. Lokhu kufaka phakathi zonke izinto okumele uzikhokhele, okungaba yizinto ezifana nentilasipoti, izinto zokuthutha, indawo yokugcina umkhiqizo wakho kanye nezindleko zokuwufaka kumaphakethe lowo mkhiqizo kuhlanganisa ngisho nezindleko zasebhange imbala. Ukusebenzisa i-akhawunti yakho yasebhange, yangasese (*private*) njenge akhawunti yakho yebhizinisi, kwenza kube lukhuni kakhulu ukuthi ukwazi ukuhlukanisa izindleko zakho zangasese kanye nezindleko zakho zebhizinisi kanye nokukwazi ukubona-nje ukuthi ibhizinisi liyayenza yini inzuzo noma uyalahlekelwa kunalokho. Ngakho-ke kufanele uzazi zonke izindleko zebhizinisi lakho. Futhi-ke phela, akunanzuzo ukuthengisa umkhiqizo wakho noma insizakalo ohlinzeka ngayo ngenani elingaphansi kwezindleko ongene kuzo ukuthola lowo mkhiqizo.

**Imali oyibizayo**

Ngesikhathi ngiqala ukudayisa ama-airtime, ngabiza imali ephindiwe kule engangiwathenga ngayo. Lokhu kwenza abantu abaningi bangafuna ukuthenga ngoba babazi ukuthi bayakwazi ukuwathola ngemali engaphansi kwezinye izindawo. Lokhu kwaba yisifundo kimi ukuthi abathengi banenani elithile abangazimisele ukudlula kulo lapho bethenga noma bekhokhela imikhiqizo ethile. Lokhu kusho ukuthi abathengi abasazimisele ukuthenga leso sikhwama esihle sabesimame noma lezo zicathulo ezinhle uma sezibiza ngaphezu kwemali ethile. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi wenze ucwaningo kumalungu omndeni, kubangani kanye nakubasebenzi osebenzisana nabo, nokuyinto engakusiza ukukwazi ukuthola ukuthi ngabe inani lakho othengisa ngalo umkhiqizo wakho likuleli zinga abakwazi ukulibekezelela yini abathengi bakho.

www.xtrapapers.com



**Abathengi bakho**

Iphuzu lami lesithathu nelokugcina limayelana namakhasimende akho. Kubalulekile ukuthi wazi ukuthi ngobani abantu ohlose ukubaheha kuleli bhizinisi lakho. Yazi ukuthi yini ebalulekile kumakhasimende akho. Phela yiwo azothenga lokhu okudayisayo. Ngaphandle kwawo angeke lime ibhizinisi lakho.

Okunye waphathe kahle amakhasimende akho ngoba yiwo azolikhulisa ibhizinisi ngokuxoxela abanye ngomkhiqizo wakho. Qhamuka nezindlela ezenza kube lula kuwo ukuba athole akufunayo futhi azizwe ebalulekile.

Noma namuhla senginezitolo eziningi ezidayisa amaselula kanye nezinto zobuchwepheshe kodwa ngaqala kancane futhi ngafunda ngalezi zinto ezintathu ukuze ngibe lapha.

Ngiyabonga ngokungipha indlebe. Nginifisela inhlanhla emabhizinisini enu.

Uzokwethula umbiko ngenkulumo oyilalelile emayelana nokunaka izinto ezincane ezingaliphumelelisa ibhizinisi lakho.

Ukhethe ukusebenzisa ulwazi oluthole kulowo obekhuluma ngalesi sihloko.

Ukuze ukwazi ukuwulungiselela kahle umbiko wakho, yenza amanothi amafushane ngalezi zihlokwana ezilandelayo. Isihlokwana sokuqala sesinikeziwe impendulo eyodwa eyisibonelo sokuthi ulindeleke ukuba uphendule kanjani.

Ubuhle bokusebenzela ekhaya:

- Kugcina izindleko zebhizinisi ziphansi ............................................................
- .............................................................................................................. [1]
- .............................................................................................................. [1]

Izinto ezikhombisa ukungabi nalo ulwazi ngokuqhuba ibhizinisi lasekhaya

- .............................................................................................................. [1]
- .............................................................................................................. [1]

Kusiza ngani ukuba ne-akhawunti eqondene ngqo nebhizinisi lakho?

- .............................................................................................................. [1]
- .............................................................................................................. [1]

Ukubaluleka kwamakhasimende ebhizinisini lakho:

- .............................................................................................................. [1]
- .............................................................................................................. [1]

[Amamaki: 8]

www.xtrapapers.com



**Umsebenzi 5**

Edolobheni langakini kuvulwe inxanxathela yezitolo. Kukhona izinhlobo eziningi zezitolo kusukela kwezidayisa izimpahla zokugqoka, ezokudla kuye kwezidayisa impahla yasendlini. Kuningi nokunye okwenizwayo kule ndawo ngaphandle kokuthenga nje. Wena nabazali bakho niyivakashele le ndawo naba nesikhathi esimnandi kakhulu.

Bhalela umngani wakho umcele ukuthi ngempelasonto niye kule ndawo:

- Izitolo ofisa ukumkhombisa zona nezizathu
- Izinto enizozenza ukuzithokozisa
- Indawo yokudla enizoya kuyona nesizathu
- Kungani yonke le ndawo ezoyithanda naye

Incwadi yakho kumele ibe ngamagama **angama 150–200** ubude.

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

© UCLES 2016 

www.xtrapapers.com



**Umsebenzi 6**

Funda le ndaba engezansi bese uphendula imibuzo ngayo esekhasini elilandelayo.

Idolobha laseThekwini eNingizimu Afrika libusiswe ngesimo sezulu esihle nesifudumele cishe unyaka wonke. Ukwanda kwamanzi kwenza kubaluleke ukuthi uma unabantwana ubafundise ukubhukuda.

Ngathatha lesi sinqumo nami ngesikhathi uSenzo enonyaka nje vo. Okwakungikhuthaza kakhulu kwakuyikho ukuthi ngangifisa ukuba aphephe uma esemanzini. Okunye futhi, ngangingathandi afane nami ngokusaba amanzi nangokungakwazi ukubhukuda. Khona ngangingazi noma abantwana abancane kangaka bangakwazi yini ukuqala ukufunda ukubhukuda nokujwayela amanzi. Ngasizwa ukuxoxa nendoda esisebenza nayo eyangitshela ngesikole esibizwa nge Little Dolphins Swim School esikhona eThekwini.

Kulesi sikole ngathola ukuthi abantwana babaqala bebancane impela ngoba ngisho nabanezinyanga eziyisithupha babekhona. Kwakuyinto engangingayilindele-ke leyo. Ubani owayazi ukuthi nabancanyana bangaqala bajwayezwe ukungawesabi amanzi. Into nje eyathanda ukungethusa kwaba ngukuzwa ukuthi nami njengomzali kwakufanele ngibe yingxenye yezifundo phela, ngoba lapha konke kwakwenziwa nabazali. UThembelihle, onguthisha kulesi sikole, wangazisa ukuthi kumele nami ngibe khona lapho befundisa uSenzo ukubhukuda. Uma ngibheka emuva, ngiyathokoza ukuthi angivumelanga uvalo lume endleleni yami noSenzo.

Ukuma isibindi kwaba yisinyathelo esihle ngempela ngoba kwangenza ngawajwayela amanzi kanti futhi lokhu kwenza ukuthi mina nendodana yami sisondelane kakhulu. Phela njalo uma siya khona kwakufanele ngimsize ngimbambe kwazise wayesemncane. Kuningi nami engakufunda khona lapho; njengokubambelela esayidini le damu bese ngiphendula umzimba wami ukuze ngintante emanzini ngiphinde ngiphume. Lokhu kwaba ukunqoba kwami ukwesaba enganginakho ekuqaleni. Noma kungazange kube lula ekuqaleni futhi kwakungishayisa ngamahloni uma ngibona laba abancane indlela abawathanda ngayo amanzi.

Ziningi izinto ezifundiswayo lapha. Abaqeqeshi bayazi ngempela into abayenzayo ngoba baqala ngamaculo nemidlalo ejika ekugcineni isetshenziswe ukubafundisa izitayela ezehlukene zokubhukuda lapho sebekhulile futhi sebekulungele ukuzibhukudela ngabodwana. Mina ngangicabanga ukuthi sizothi siqala nje ukufika sibe siphonswa emanzini. Kwakungenjalo, saqala sahlala ngaphandle sanikezwa ithuba lokujwayela indawo esasikuyo kanye nokuchwaza okuhambisana namanzi axhaphazekayo njengoba kwakukhona ababesemanzini.

Ngakuthanda kakhulu ukuthi yilowo nalowo mntwana unikezwa inkululeko yokuthatha isikhathi sakhe ukuthi ajwayele amanzi. USenzo wayethanda ukudlalisa izinyawana zakhe nokunyakazisa umzimba wakhe ekuqaleni kodwa ngokuhamba kwesikhathi waba nesibindi sokungadingi ukuba ngimbambe njalo uma engena emanzini. Noma kunjalo, ngangithanda ukuba seduze kwakhe lapho engena emanzini.

Kuningi engakubona ngakuqaphelisisa ngokuhamba noSenzo ukuya kulezi zifundo. Okunye kuyizinto ezincane nokulula ukuzishaya indiva. Ngiyakhumbula nje ukuthi mina ngangizitshela ukuthi uma nje umntwana esefundile ukubhukuda angeke abe sengozini yokuminza. Ngafunda lapha ukuthi lokhu akusilo iqiniso, kodwa ukufundisa umntwana ukubhukuda kunciphisa amathuba okuba aminze futhi kumnika nokuzethemba lapho ebhekana nesimo esiyinkinga emanzini. Uma umntwana ekwazi ukubhukuda kungenza umehluko omkhulu empilweni yakhe nalokhu okungaba yingozi ebuhlungu.

UThemba, engahlangana naye kulesi sikole, wayethanda ukuthi kubalulekile ukuba nathi esibadala singasaleli ngemuva ezintweni. Akukho ongeke wakufunda noma usumdala kangakanani. Lokhu kuyiqiniso impela ngoba nami ngazithola ngikhule ngenye indlela.

www.xtrapapers.com



**(a)** Yiziphi izizathu ezenza umbhali abone kunesidingo sokufundisa umntwana wakhe kulesi sikole?

...........................................................................................................................................

...........................................................................................................................................

.....................................................................................................................................[2]

**(b)** Wasithola kanjani isikole sokubhukuda umbhali?

...........................................................................................................................................

.....................................................................................................................................[1]

**(c)** Yini eyamangaza umbhali ngalesi sikole ekuqaleni?

...........................................................................................................................................

.....................................................................................................................................[1]

**(d)** Yini eyayisabisa umbhali ngalezi zifundo zokubhukuda?

...........................................................................................................................................

.....................................................................................................................................[1]

**(e)** Umbhali usizakale kanjani ngokuhambisa umntwana wakhe esikoleni sokubhukuda?

...........................................................................................................................................

...........................................................................................................................................

.....................................................................................................................................[2]

**(f)** Yikuphi okwakuthokozisa umbhali ngendlela abantwana ababefundiswa ngayo ukubhukuda?

...........................................................................................................................................

.....................................................................................................................................[1]

**(g)** Yikuphi umbhali ayekucabanga ngokubhukuda okungelona iqiniso?

...........................................................................................................................................

.....................................................................................................................................[1]

**(h)** Ngokubheka endabeni, ungamchaza njengobaba onjani umbhali?

...........................................................................................................................................

.....................................................................................................................................[1]

[Amamaki: 10]

www.xtrapapers.com



**Umsebenzi 7**

Umphathidolobha wangakini uhlongoza ukuthi kuzokwakhiwa indawo yokudlala igalofu lapho kukhona ipaki elidala. Umphakathi wakule ndawo unemibono ehlukene ngalokhu.

Nansi eminye yemibono yabo:

- Lokhu kuzokwandisa amathuba emisebenzi edingekayo kuleli dolobha.
- Ipaki liyingxenye yemvelo esiyithandayo nebalulekile.
- Kuzothuthukisa izinga ledolobha lethu.
- Igalofu lithatha isikhathi eside futhi lizonciphisa isikhathi semindeni.
- Sizoba nendawo yokuzithokozisa.
- Le ndawo izoshintsha ubuhle bemvelo esinabo lapha.

Wena ucelwe ukuthi uveze umbono wakho kuMphathidolobha ngalokhu.

Ungasebenzisa amaphuzu angenhla noma uziqambele awakho uma uthanda.

Incwadi yakho kumele ibe ngamagama aphakathi **kwangama 200–250** ubude.

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

